**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

---

## ISIGABA A
### IZINKONDLO

### UMBUZO 1

1.1 Imbongi ikhononda ngokulwa kwabantu bebanga ize kuze kuchitheke igazi

- Kulwa abantu bohlanga olulodwa ngenxa yenzondo.
- Uthando luphelile kuyazondwana lokhu kubanga ukululazeka kwezinye izizwe (3)

1.2.1 Kubangwa into egenamsebenzi. (2)

1.2.2 Imbangela yokulwa ayaziwa noma iyadida / ixakile. (2)

1.2.3 Isizwe sidukile, sanhlanhlatha. (2)

1.2.4 Kuyagxekwana umuntu engazibheki yena. (2)

1.3 Ubuklewuklewu. (1)

1.4.1 Kuhle kwemifula
Linukis' okomzondo (2)

1.4.2 <u>Igazi</u> ligobhoza kuhle kwemifula,
<u>Igazi</u> lowakwenu linukis'okomzondo (2)

1.5 Kuvele elomhlathi. (1)

1.6 Zidele uthando zaqoma <u>inzondo</u>
<u>Inzondo</u> eyisizalo somona negqubu (1)

1.7 Inzondo namagqubu. (2)
**[20]**

1.8 Yebo-ke kufa M.G. Nkosi (2)

1.9 Lena yinkondlo yesililo.
Ibalisa ngokufa uqobo lwakho.
Ikhuluma ngokufa njengefu elimnyama elemboze isizwe.
Akukhethi kuthatha omncane nomdala.
Bese kushiya izinhliziyo ezibuhlungu kwabasele. (5)

1.10 Kubulala omncane nomdala. (2)

1.11.1 Isingathekiso. (1)

1.11.2 Isenzasamuntu. (1)

1.11.3 Ihaba. (1)

1.11.4 Isenzasamuntu. (1)

1.11.5 Isenzasasilwane. (1)

1.12 Izandla zakho zigxaza igazi (1)

1.13.1 Ngokufa. (1)

1.13.2 Kuyinto enomona. (1)

1.13.3 Kuzikhethela lapho kuthanda khona. (1)

1.13.4 Yinto engenawo amahloni. (1)

1.13.5 Kuzwisa abantu ubuhlungu imihla namalanga. (1)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

## ISIGABA B
## UMDLALO

### UMBUZO 2

Ngiwafunge mabomvu – L. Molefe

2.1 UThulisile unenkani akafunanga ukwehlukana nesoka lakhe uZaba noma esekhethwe yinkosi.

- Uma siyibheka ngeso lakudala le ndaba akekho owayenelungelo lokuphikisana nenkosi.
- Owayekwenza lokho wayebulawa.
- Inkosi wayengayihloniphi futhi eyibiza nangegama.
- Wayekhuluma aze ayitshakele amathe.
- Engadli nokudla.
- Aphume ayobona isoka lakhe uZaba esesesigodlweni.
- Agcine esekhulelwe ingane okungeyona eyenkosi. (okuhlanu) (5)

2.2 UKhonzeni njengempelesi ka Thulisile wayezama ukumkhuza. UThulisile wayengafuni nokumlalela.

- UKhonzeni wayedla nokudla kukaThulisile ngoba ethi uvala ihlazo.
- Nakho sekwenzeka esedla ukudla okunomanda ngaphakathi. (5)
- Wayekhuluma nodadewabo uThulile ukuthi akamkhuze naye kube nhlanga zimuka nomoya.

2.3

- Wayethi uphelekezela izimpelesi nodadewabo uThulile.
- Wayengazi ukuthi naye wayezoganiswa enkosini.
- Wathi kuwumthetho ukuthi aphelekezele udadewabo uma eyogana. (3)

2.4

- Isiko lokuganiswa kwentombazane ngenkani ingavumanga njengo Thulisile
- Isiko lokunqanyulwa kuka cikicane wengane ukuze kubonakale ukuthi akulona ivezandlebe.
- Isiko lokwendiswa kwelinye iwele ngoba kunenkolelo yokuthi lilетha umkhokha omubi ekhaya. (3)

2.5 UKhonzeni impelesi ka Thulisile, uNokufika impelesi kaThulile. (2)

2.6 UMajola. (1)

2.7 Baselawini. (1)
**[20]**

2.8 Kungoba uZaba kuyindodana yakhe. Inkosi izobona sengathi UMsanka akamfundisanga indlela yokuziphatha. Igabuye icabange ukuthi bamdibi munye. (2)

2.9 Yayisithume ukuba siyobiza uZaba izomenza inhloli yayo. (2)

2.10 Ucabanga ukuthi sikhuluma amanga, unesazela sokuthi inkosi iyazi ukuthi uthandana NoThulisile. (2)

2.11 uNina ka Zaba / inkosikazi kaMsanka. (2)

2.12 Wayeyinduna yenkosi. (2)

2.13 uZaba ulandela igama lakhe. Unesizathu sokungahlukani noThulisile uthi kwenziwe yimvelo. Ngakho-ke uthi inkosi ayijezise uMvelinqangi nabaphansi. (3)

2.14.1 Yebo. (1)

2.14.2 Uthi abazali bakhe bamkhuza yena akazange alalele. Uzimisele ukufa ngenxa yezaba azenzayo ukuvikela umuzi wonke wakubo. (2)

2.14.3 Uma kwakuke kwatholakala ukuthi uthandana noThulisile, uyise wayeyoxoshwa ebukhosini futhi abulawe nomuzi wonke wakhe. (2)

| | | |
|---|---|---|
| 2.15 | UMgidi – wabangisa uZaba intombi ayikhethe kuqala.<br>UZaba – ubangisa inkosi umdlunkulu wayo. | (2)<br>**[20]** |

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [40]**

## ISIGABA C
## INOVELI

### UMBUZO 3

Isigcawu sentantolo – M. Masondo

| | | |
|---|---|---|
| 3.1 | Yisenkantolo.<br>Yilapho okwavela khona ummbulali kaMhlobo Mvubu. | (1)<br>(1) |
| 3.2 | Imali okwakucatshangwa ukuthi uyiphambanisile. | (2) |
| 3.3.1 | UZethu wathi efika esikebheni wathola umlisa mumbe angamazi. | |
| 3.3.2 | Wathi uma embuza igama lakhe, lo mlisa weza kuye ekhombisa ukuthukuthela okukhulu wafaka izandla emakhikhini akhe. | |
| 3.3.3 | Wayekhuluma ngezwi elesabekayo ethi uZethu akalethe imali. | |
| 3.3.4 | UZethu wakhipa isibhamu ethi uyamdubula kodwa ngokwethuka isibhamu nesikhwama ayesiphethe kwawela khona lapho. | (4) |
| 3.4.1 | Wasithatha ufakazi isibhamu waya lapho ayebophele khona umufi. | |
| 3.4.2 | Wafika wafuna imali kumufi kodwa umufi wafika wayilandula. | |
| 3.4.3 | Wase uyamdubula ngoba ekholelwa ekuthini umufi uyamphambanisela. | |
| 3.4.4 | Wathi ukuba ezwe incazelo kammangalelwa ufakazi lona wahamba wayothatha imali wafika washiya isibhamu khona. | (4) |
| 3.5 | UMagwegwe Buthelezi. | (1) |
| 3.5.1 | Wayengunogada waseMoshali owathengwa uVika Kubheka efuna isidumbu. | |
| 3.5.2 | Isigebengu esihlakaniphile uzenza ufakazi wenkantolo. | |
| 3.5.3 | Uthanda imali, bafuna imali yemvalamlomo emndenini wakwaKubheka. | |
| 3.5.4 | Yiqili eliyisikhohlakali wabulala uMhlobo Mvubu embulalela imali. | |
| 3.5.5 | Wayesekhulile eseqala nokuqhakaza izimvu ezimhlophe ekhanda. (Okune) | (4) |
| 3.6 | USifiso Ngubane, uVika Kubheka, uMagwegwe Buthelezi. | (3)<br>**[20]** |
| 3.7 | USifiso Ngubane noVika Kubheka. | (2) |

3.8 UVika Kubheka noZikode babesemcimbini othile.

3.8.1 UZikode wacela uVika ukuba amphelekezele ayobheka umakhwapheni wakhe ehlathini.

3.8.2 Bathi uma befika ehlathini, wathi uZikode kuKubheka akalibheke aligcine wayefuna ukumbulala ngoba bethola imali elinganayo enkampanini engakhiphanga lutho.

3.8.3 Wazikhalela uKubheka ezama ukumchazela naye ukuthi wayengawazi umsebenzi wathukuthela wathelwa ngamanzi uZikode wathi akathandaze okokugcina.

3.8.4 UKubheka wasihlwitha isibhamu sabuyela ngakuyena wadubula uZikode wase elahla umkhondo.

3.8.5 UZethu noDuduzile babesola ukuthi uZikode sengathi wabulawa uVika Kubheka kodwa bengatsheli muntu. (5)

3.9 Ongenasifuba / Ohluleka ukugcina izimfihlo zabanye abantu (2)

3.10 UMagwegwe Buthelezi. (1)

3.11 Ukubuyisela incwadi ngaphansi komcamelo kaDuduzile engakafiki. (2)

3.12 UKubheka waboshwa ejele laseKhandasipende naseVatelifali eNyukhasela. (1)

Wafunda umsebenzi wokugunda izinwele nokubeka isitini. (2)

3.13 Ugwayi. (1)

3.14 Ehhovisi likaNgubane (1)

3.15 Wayephoqelekile uKubheka ukulushiya kuMbomvu njengoba lwase lubucayi. Kwase kufunwa imali yemvala-mlomo. UKubheka wayesebona ukuthi umuzi wakhe kanye naye uzulelwa ngamanqe. (3)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

## ISIGABA D

### UMBUZO 4

*Inkosi yinkosi ngabantu* – **C.T. Msimang**

4.1 Wayelikholwa elinguMkhrestu / uMsabatha noma ekhonza eSabatha (2)
ehlupheka nengane imhlupha. Wayenomntwana oyedwa osemncane. (2)

4.2 Yayingathezanga izinkuni ngoMgqibelo. (2)
Ingane yayikhala ifuna idokwe layo. (2)

4.3 Kwasukesukela. (2)
Cosu, cosu iyaphela-ke. (2)

4.4 Yebo. Imibono izohluka ngokuphathelene nesijeziso (1)
Kuyasika kunina wengane uma ikhaliswa indlala.
Yayiwazi kahle umthetho wesine othi: " 'Khumbula usuku lweSabatha ulugcine lube ngcwele. Ungasebenzi nakanye ..." (1)

4.5.1 Inganeko.

4.5.2 Ithinta inkolelo nenkolo.

4.5.3 UMvelingqangi.

4.5.4 Abantu bakhe.

4.5.5 Ukudabuka kwezinto. (5)

4.6 Ukuqoqa izingane ukuthi zingabi wuvanzi ngesikhathi sakusihlwa. (1)
**[20]**

4.7 Ukuthulisa umntwana. (1)
Ukulalisa umntwana. (1)
Ukuthunduzela umntwana. (1)

4.8 <u>Umlolozelo</u>
Yinkondlo emfishanyana yokuthunduzela umntwana (1)
Ihaywa omama nabazanyana nxa umntwana ekhala noma befuna ukuba alale.
Isibonelo somlolozelo, THULA MNTWANA. (1)
<u>Isilandelo</u> (1)
Yisosha sokuzithokozisa nokuqeda isizungu.
Sisetshenziswa ngabantwana bedlala noma abazanyana bethulisa izingane abaziphathayo. (1)
Isibonelo sesilandelo: Wobani labaya. (1)
(1)

4.9 Omama bezingane ezincane. (1)
Abazanyana. (1)

| | | |
|---|---|---|
| 4.10 | Isigqi / Ukuphindaphinda amagama nezwi lokuthunduzela. | (1) |
| 4.11 | Bufanele bufundiswe ngoba: | |
| | Buyafundisa. | (1) |
| | Buyaxwayisa. | (1) |
| | Bethula isimo sempilo. | (1) |
| | Buyathokozisa. | (1) |
| | Bunonophalisa ulimi. | (1) |
| 4.12 | Imilolozelo. | |
| | Izisho. | |
| | Izaga. | |
| | Izibongo. | |
| | Izilandelo. | |
| | Izithakazelo. (okuthathu) | (3) |

**IMIKLOMELO YESIGABA D: [40]**

## ISIGABA E
## IZINDABA EZIMFISHANE

### UMBUZO 5

Umlabalaba – O.E.H. Nxumalo

| | | |
|---|---|---|
| 5.1 | UBongani. | (1) |
| 5.2 | Ufuna ukushada noNomagoli. | (2) |
| | Abazali bakhe abahambisani nalokho. | (2) |
| 5.3 | Ufuna ukuganwa. | (2) |
| 5.4 | UNgema. | (1) |
| 5.5 | Buyel' ekhaya. | (2) |
| 5.6 | Sithola uBongani ehlezi emfuleni. | (1) |
| | Uzonda isonto ngoba ethi liyabandlulula. | (1) |
| | Alinikezi abanye abantu inkululeko. | (1) |
| | Esahlezi khona lapho ubona abazali bakhe, UNomagoli nomfundisi beza neno. | |
| | Bonke bacula ingoma ethi: 'Buyel' ekhaya. | (1) |
| | Umshado wawuya esigcawini. | (1) |
| 5.7 | Uthando lungumanqoba. | |
| | Angeke ukhethele umuntu lowo amthandayo. | |
| | Ukukhethela umuntu kuyingozi ngoba omunye angagcina esezibulele. | |
| | Uma engazibulalanga agcine ngokubhunguka. | (4) |
| 5.8 | Intombi yakwa Gumede. | (1) |
| | | **[20]** |
| 5.9 | Ukhaliswa yingoma ekhala emsakazweni emlethela umunyu. | (2) |
| | Ukhaliswa nayinkumbulo kaThembisile. | (2) |

5.10 Yebo. Uyambona uNdumiso ukuthi akaphathekile kahle futhi akamjabuleli. (2)

5.11

- Le ndaba inabalingiswa abangevile kwabayisihlanu, uNdumiso, uThembisile, uNomkhosi, uNtombi.
- Le ndaba ithathe usuku olulodwa yaphela.
- Yenzeka esiteshini lapho uThembisile ayeyohlangana khona noNdumiso.
- Inkinga yomlingiswa oqavile ayixazululekanga ngoba uThembisile wayezoshada nomunye umuntu ngenyanga ezayo.
- Inamakhasi ambalwa angevile kwayisikhombisa. (5)

5.12 Abanye bangathi uNomkhosi ngoba wayengathandwa uNdumiso.
Abanye bangathi uNdumiso ngoba wayeselahlekelwe yikho konke. (2)

5.13 Yebo. (1)
Sithola uNdumiso esekhala izinyembezi ekugcineni, esephelelwe ngamandla. (2)

5.14 UThembisile noNdumiso kwakungabangani befunda bonke kepha uNdumiso wayemthanda uThembisile kepha ubengakamtsheli. (2)

5.15 UNdumiso. Indaba iqala naye ize iyofika ekugcineni. (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA E: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**